# Usuku lokuqala lukaNomsa




Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeTshivenda nguFhulufhuwani Nomsa Tshililo

Umfanekisi nguAimee Ayres     Umhlobisi nguTshebetso Ditabo

Yahumushwa isuselwa kweTshivenda nguMbongeni Nzimande



WORLD BANK GROUP


Room to Read®

LIMPOPO FACES



ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 1 6/20/23 22:14

Namuhla uNomsa uyoqala uGrade 1. “Ngijabule kakhulu ngokuya esikoleni esikhulu,” uNomsa etshela uMama.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 2 6/20/23 22:14



“Buka izicathulo zami ezicwebezelayo!”



ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 3 6/20/23 22:14

UNomsa noMama bahamba baqonda esangweni lasesikoleni.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 4 6/20/23 22:14



“Mama, uzongilinda kuze kuphume isikole?” kubuza uNomsa.

“Ungakhathazeki, ntombazane. Ngizokulinda esangweni ngokuphuma kwesikole,” kusho uMama.



ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 5 6/20/23 22:14

Bafika bobabili ekilasini.
"Ngiyakwemukela ntombazane yami!
Ungubani igama lakho?"
kubuza uMemu Moyo.









ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 6 6/20/23 22:14



“NginguNomsa!” esho ngokuzethemba.
“Uhambe kahle Mama.
Ngizobuye ngikubone!”



ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 7 6/20/23 22:14



UNomsa ubukeka ethukile uma ebona ezinye izingane.




ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 8 6/20/23 22:14

UMem Moyo wamthatha wamkhombisa itafula azohlala kulona.

“Igama lakho libhalwe esihlalweni,” kusho uMemu Moyo.

“Buka!” Kusho uMemu. “Igama lakho liqala ngohlamvu u-N.”






ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 9 6/20/23 22:14


Sekushaye isikhathi sedina. UNomsa umile uthulile emgqeni wokudla.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 10 6/20/23 22:14

UNorman uyadudula ngaphambi kukaNomsa. “Uzinyathelelani izicathulo zami ezintsha?” kuthetha uNomsa.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 11 6/20/23 22:14

UNomsa edudula uNorman. UNorman abuyisele ngokududula uNomsa.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 12 6/20/23 22:14

"Ningadudulani!" kusho uMemu Moyo. "Hamba uyokuma emuva Norman! Lindela ithuba lakho."
UMemu unikeza uNomsa indwangu yokwesula izicathulo.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 13 6/20/23 22:14

UNomsa udla idina ehleli kuvulande. Usathukuthele ngokungcoliswa kwezicathulo zakhe.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 14 6/20/23 22:14

ONomsa benoNorman babukana kabi.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 15 6/20/23 22:14

UNomsa wabuyela kuqala ekilasini.
Wahlala phansi.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 16 6/20/23 22:14

"Uhlalelani esihlalweni sami?" uNorman ethetha. Uzama nokudonsa isihlalo.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 17 6/20/23 22:14


UNomsa wasidonsela kuyena isihlalo.
UNorman wasidonsa naye.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 18 6/20/23 22:14

“Konakeleni kinina nobabili?” kubuza uMemu Moyo. “Uqale ngokunyathela isicathulo sami. Manje usefuna isihlalo sami!” Kumemeza uNomsa.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 19 6/20/23 22:14

“Yisihlalo sami lesi!” kusho uNorman.

“Cha!” kuphendula uNomsa. “Ngesami! Buka uhlamvu N.”

“Cha, Nomsa, amagama enu nobabili aqala ngohlamvu olufanayo,” kusho uMemu Moyo.

“Nasi isihlalo sakho. Buka! Igama likaNorman nalo liqala ngohlamvu N.”






ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 20 6/20/23 22:14

UNomsa ahlale phansi esihlalweni.

Amoyizelele uNorman.

"Umama wangifundisa ukuxolisa uma ngenze iphutha." kusho uNomsa.

"Ngiyaxolisa Norman. Uzoba ngumngane wami?" uNorman wanqekuzisa ikhanda emamatheka.





ZA_ABP_18_0035_Nomsa'sFirstDay_Inside.indd 22 6/20/23 22:14

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Usuku lokuqala lukaNomsa*
Nomsa's First Day
Ihunyushwe nguMbongeni Nzimande

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0034
ISBN: 978-1-928441-98-4

Ishicilelwe okokuqala iLimpopo Faces.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeTshivenda nguFhulufhuwani Nomsa Tshililo.
Umfanekisi nguAimee Ayres
Umhlobisi nguTshebetso Ditabo
Umhleli nguFiona Wallace
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-9 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Limpopo Faces
P.O. Box 5828, Polokwane North, 0750
22 Hyde Park, corner Giraffe and Springbok Street, Fauna Park, 0787, Polokwane, Limpopo, South Africa
Domina Munzhelele | 071 149 6213 | 081 514 2337 | limpopofaces@webmail.co.za | domina@hotmail.co.za

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.